Ngiyibhayisikili.

Nginamasondo amabili.

Ungangigibela ngentokozo.





Ngiyisithuthuthu.

Nginamasondo amakhudlwana.

Ngingathatha umuntu oyedwa noma ababili.

Ngiyabahambisa ezindaweni ezikude.

Ngiyimoto.

Nginamasondo amane.

Ngingathwala abantu abayisikhombisa.

Ngibahambisa abantu ezindaweni abazithandayo.





Ngiyitekisi.

Ngithutha umphakathi.

Ngingathwala abantu abayishumi nesithupha.

Ngingamikisa abantu emsebenzini nabafundi esikoleni.

Ngiyibhasi.

Ngithutha umphakathi.

Ngihamba emgwaqeni.

Ngingathuthatha abantu ezindaweni eziningi.

Ngingathwala abasebenzi baye emsebenzini, abantu baye edolobheni.

Ngihambisa nabafundi esikoleni.






Ngiyi-ambulense.

Ngiyimoto yesimo esiphuthumayo.

Ngisiza abantu ngezikhathi ezinengozi.

Ngingathwala abantu abagulayo nalabalimele ngibamikise esibhedlela.

Ngihamba ngokushesha ngiye esibhedlela.

Ngaphakathi nginempahla edingekayo yesimo esiphuthumayo esiza abagulayo noma abalimele endleleni eya esibhedlela.

Ngiyisicishamlilo.

Ngiyimoto yesimo esiphuthumayo.

Ngingathwala izinsiza zokucisha umlilo.

Ngingacisha umlilo ngokushesha.

Uma ilambu lami liphazima, abashayeli bangivulela indlela.





Ngingugandaganda.

Ngingumngani omkhulu womlimi.

Nginamasondo amakhulu amane.

Ngingalima insimu.

Ngiyiloli ethutha izimpahla.

Nginamasondo amakhulu amaningi.

Ngithwala imithwalo esindayo.

Ngiyihambise ezindaweni ezahlukahlukene.





Ngiyiloli ethutha udoti.

Nginamasondo amakhulu amaningi.

Ngingathwala izibi.

Ngingazithwala ngiyozilahla edodini.

Ngiyisitimela.

Ngihamba kujantshi.

Nginamasondo ensimbi amaningi.

Ngingathwala abantu abaningi.

Ngingabamikisa ezindaweni ezahlukahlukene.





Ngiyisitimela sejubane eiphezulu.

Ngihamba ngejubane eliphezulu kakhulu.

Ngingathatha abantu ngibamikise ezindaweni ezahlukahlukene.

Ngingabahambisa ngesikhashana esincane kakhulu.

Ngiyisitimela sezimpahla.

Ngiyisitimela esihamba kancane kakhulu emzileni.

Ngingathwala imithwalo eminingi esindayo.

Ngingayimikisa ezindaweni ezikude.





Ngingumkhumbi.

Ngihamba olwandle.

Ngingathwala abantu abaningi ngihambisa ezindaweni ezikude.

Ngingathwala izimpahla ziye ngaphesheya kolwandle.

Ngingumkhumbi wezimpahla.

Ngithwala izimpahla ngizisuse kwesinye isiteshi ziye kwesinye.

Ngingamelana nokuhwebelana kwamazwe.





Ngiyisikebhe sokudoba izinhlanzi.

Nginamanethi namahhuka.

Ngingasiza abadobi ukubamba izinhlanzi lula.

Ngingagcina izinhlanzi ngaphakathi kimi.

Ngiyisikebhe sokuwelisa.

Ngihamba emanzini.

Ngingathwala abagibeli.

Ngingathwala izimoto, amaloli nezilwane.





Ngiyibhanoyi.

Ngindiza esibhakabhakeni, ngaphezu kwamafu.

Ngiphaphisa abantu baye ezindaweni ezahlukahlukene.

Ngingahambisa izimpahla ziye ezindaweni ezikude.

Ngiyihelikhoptha.

Ngindiza esibhakabhakeni.

Ngingasiza abantu ngezikhathi zezimo eziphuthumayo.

Ngingahlala isikhumulo sezindiza ezincane.

